**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU(FINAL) KUKANOVEMBA/DISEMBA 2017**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA ( ISIZULU FAL)**

**IBANGA LESHUMI ( GRADE 10)**

**IPHEPHA LESITHATHU (PAPER 3)**

**AMAMAKI :100** **ISIKHATHI:2 Amahora**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.
- Phendula imibuzo njengoba uyalelwe esiqeshini ngasinye.
- Qala isiqephu ngasinye ekhasini Elisha.
- Ungayixovi imibuzo.
- Bhala ngolilmi lwesiZulu nopelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

## ISIQEPHU A: INDABA

1.Khetha isihloko noma isithombe esisodwa bese ubhala ngaso indaba ibe ngamagama ayi- 190 kuya kwangama- 240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba ekhasini lwalo lodwa ngaphambi kwendaba.

**1.1.** Umuntu Oyikho Konke Kimina. **(50)**

**1.2.** Ukubaluleka Kokuzithanda. **(50)**

1.3. Imithelela Emibi Yezinkundla Zokuxhumana (social media) Kubantu. **(50)**

1.4. Ubuhle Nobubi Bokufunda Ezikoleni Ezixube Izinhlanga(Multi-racial schools). **(50)**

1.5. Kufanele Yini Abazali Babheke Izimfihlo Zezingane Zabo? **(50)**

1.6. Bukisisa lezi **zithombe ezilandelayo** bese ukhetha **esisodwa** ubhale indaba.Yinike isihloko esiyifanele.

1.6.1.




**(50)**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**

2. Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama – 80 kuya kwayi – 100.

2.1 **INCWADI ESEMTHETHWENI/ YOMSEBENZI**

Ngenyanga edlule ubuyothatha ipasi lakho kwaNdabazabantu( Home Affairs) ngeshwa libuye lineminye imininingwane okungeyona eyakho.Ukhethe ukubuyela ukuyoliphindisela ukuze balungise lokho obekungeyikho.Omabhalane bakuphathe ngendlela ekuhlabe umxhwele( ekujabulisile).Bhalela umphathi waleli hhovisi uncome le mpatho oyitholile.

**Kubalulekile ukusho ukuthi yini ebingalungile ngepasi namagama alabo abakusizile.** **(30)**

**2.2. UMLANDO NGOMUFI**

Umzala wakho ebenisondelene kakhulu naye udlule ngokuzuma emhlabeni.Umndeni uqoke wena ukuba ufunde umlando wakhe ngosuku lomngcwabo.Bhala **umlando ngomufi** . **(30)**

**2.3.UMBIKO**

Ngesikhathi ufika esikoleni namuhla ekuseni ube nebhadi lokubona abafundi benza okungamukelekile esikoleni.UMphathisikole ukubonile kumakhamera esikole nawe ungena endlini yangasese obekwenzeka kuyo le nkohlakalo wabe esethi mbikele ngalokho okubonile.Bhala phansi **umbiko** ozoya kuMphathisikole ngalesi sehlakalo. **(30)**

**2.4. I- INTHAVYU/INGXOXO**

Usaziwayo endimeni kaqedisizungu( entertainment) ube nengxoxo/ inthavyu ekhethekile ohlelweni lwengxoxo( talk show) kamabonakude.Bhala **le inthavyu** ephakathi kukasaziwayo Kanye nentatheli yohlelo lwengxoxo oluthandayo. **(30)**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

**ISIQEPHU C : IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**

3.Khetha isihloko **esisodwa** ubhale ngaso kube ngamagama angama- 60 kuya kwangama- 80.

**3.1. IFLAYA**

Ukhethe ukuziqalela ibhizinisi lakho ukuze ulekelele umama wakho ukuzithengela izidingo zakho siqu njengokokugcoba nokokugqoka.Bhala **iflaya** ozoyinika abantu emigwaqeni ukuze balazi leli bhizinisi futhi beze kulona. **(20)**

**3.2. IDAYARI**

Wena nabazali bakho niye eholidini lezinsuku **ezinhlanu** lokuchitha isikhathi ndawonye njengomndeni.Bhala **idayari** yalokho ebenikwenza kulezi zinsuku okuvuselela ubudlelwane benu. **(20)**

**3.3.IMIYALELO**

Abazali bakho bazobe bengekho ekhaya izinsuku ezimbalwa.Banishiye nomuntu ogada umfowenu omncane.Nguwena omdala ezinganeni zakini ngakho-kẹ kunezinto ezizokwenziwa nguwe ukulekelela ngokuphathwa kwekhaya.Umama wakho ukubhalele phansi **imiyalelo** yemisebenzi ozoyinaka ngesikhathi engekho.Bhala phansi –ke yonke leyo **miyalelo** ukuze ungalibali nangephutha. **(20)**

**AMAMAKI ESIQEPHU C:20**

**AMAMAKI ESEWONKE:100**